I-EPWP iyaqhubeka nokuthuthukisa abampofu ngoHlelo Lokunakekela Intsha ... kulokhu ibisesifundeni saseMkhanyakude

Kubika uVusi Shabalala kanti izithombe nguSibongile Dlangalala

UMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi KwaZulu-Natali, esifundeni saseMkhanyakude wamukele ngezandla ezithokomele izimenywa ezaziqhamuka kuwo wonke amagumbi oGu oluseNyakatho lwesiFundazwe saKwaZulu-Natali ngenhloso yokuyobamba iqhaza oHlelweni Lokunakekela Intsha loMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi waKwaZulu-Natali olwaluhlelwe nguMnu. Xolani Xulu, oyiMenenja yoHlelo Olwenatshisiwe lwemisebenzi Yomphakathi (EPWP) ngaphansi koMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi .

Ngenhla nguMnu. TJ Motha: onguMqondisi Wesifunda eMnyangweni Wezemfundo Wesifundazwe

Isithangami sokwazisa sasihlelelwe ukuthi sibe seHluhluwe Primary School, isikole esasigubha iminyaka sikhona kusukela ngonyaka we-1957 kanye nokuvulwa kwaso ngokusemthethweni mhla zingama-20 kuNdasa ngowe-1964.

Ngenhla nguMnu. Xolani Xulu, iMenenja ye- EPWP enza isethulo.

UMnu. Thabo Nkosi, woMnyango Wezemfundo eMgungundlovu, owayenguMqondisi Wohlelo, wanika yonke iminyango ebambe iqhaza ithuba lokuba izethule ngesikhathi uhlelo luqhubeka. UMnu. Motha, naye osebenzela uMnyango Wezemfundo wagalela kwezwakala maqondana nenhloso yesithangami sokwazisa ngaphambi kokuba ethule ngokusemthethweni asebenzisana nabo.

UMnu. BonganiManqele, iSekela leMenenja: iMisebenzi Yesifunda, esiFundeni esisoGwini oluseNyakatho ethula abasebenzi boMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi

Ukwethulwa kwezimenywa nezithunywa ezazimele iMinyango ehlukene ebambe iqhaza kanye nemikhakha ehlukene kwenziwa nguMnu. Bongani Manqele woMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi ozinze esiFundeni esisoGwini

oluseNyakatho. Ezinye zezimenywa ezethulwa kwaba ngoNkk. Majola obhekele ezeMpilo Nokuphepha Emsebenzini esiFundeni esisoGwini oluseNyakatho kanye noNkk. Dludla obhekele i-EPWP esifundeni esisogwini oluseNyakatho.

uNk Nokuthula Dludla uMsizi weMenenja ye-EPWP esiFundeni esisoGwini oluseNyakatho

Kafushane nje, ngoHlelo Lokunakekela Intsha, lolu hlelo kuhloswe ngalo ukubhekana nokukhucululwa bukhoma kwezikole ngokuthi kusetshenziswe intsha engasebenzi yenze umsebenzi walolu hlelo. Lolu hlelo lugxile futhi ekunciphiseni ububha ngokuthi kuhlonzwe intsha engasebenzi evela emiphakathini ehlwempu kakhulu ukuthi kube yiyo ehlomulayo ohlelweni. Okuhle ngalolu hlelo ukuthi luhlomulisa uHulumeni Wesifundazwe kanye nalabo abayingxenye yalo njengoba izikole zisala zihlanzekile okuyinto ehambisana nokunakekelwa kwemvelo kanye nokuhlinzekwa kwemali ebekiwe kulabo abahlomula kulolu hlelo njengendlela yokuqinisa iphakethe.

UNk Gelly Majola oyiSikhulu esibhekele ezeMpilo Nokuphepha Emsebenzini: esiFundeni esisoGwini oluseNyakatho

Umongo walolu hlelo ukubuyisela ukuzigqaja kanye nokuthi imiphakathi iluthathe njengento yalo lolu hlelo ngokuthi igcine indawo kanye nemvelo kuhlanzekile futhi kuphephile. UHlelo lulandela le ndlela yokusebenza ukuze luphumelele: okungamathuluzi okumele asetshenziswe kuleyo ndawo kanye nemishini, inkokhelo, ukuqashelwa kwendawo kanye nokuhoxiswa kwenkontileka.

Amathuluzi okumele asetshenziswe kuleyo ndawo kumele kube yisikole esinegceke elingama-hektha ama-3 okuyindawo engakwazi ukusetshenziswa ngabantu abayisithupha. Ngaphezu kwalokho indawo kumele ingaqheli ngamakhilomitha angaphezu kwama-5 kunalapho kuhlala khona labo abazobe besebenza kuyo ukuze kugwenywe izindleko zokugibela.

Abahleli phansi kusuka kwesokunxele nguMqondisi Wohlelo, uMnu. Nkosi woMnyango Wezemfundo Wesifundazwe ozinze eNhlokoHhovisi ngesikhathi uMnu. Manqele ethula izimenywa kanye noMnu. Xolani Xulu (ohleli ngakwesokudla)olalelisise ngempela.

Maqondana namathuluzi kanye nemishini, uMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi uyazibophezela ukuthi uzohlinzeka amathuluzi kanye nezimpahla zokuphepha kulabo abazobe besebenza. Ezinye izimpahla zokuphepha zingatholakala zinikezwe uma uMnyango ubona kunesidingo futhi kufanele kuye ngokuthi ikhona yini imali. Maqondana nenkokhelo, imali yokuqinisa iphakethe elinganiselwa kuma-R960.00 izokhokhelwa labo abazobe besebenza ngokuthi ifakwe kuma-akhawunti abo asebhange.

Lolu hlelo luthi alufane nalolo olwenziwa eMsinga. Kwabe sekuvulwa ithuba lemibuzo nokuphawula kulabo ababeqokiwe kumbe abazobe besebenza.

Kafushane nje kwakubukeka sengathi yiphupho ngendlela abantu abaluthakasela ngayo uhlelo, ikakhulu labo abazobe besebenza. Kwahlaba umxhwele futhi ukubona lowo muzwa wenjabulo kothisha nothishanhloko njengoba lolu hlelo lungumhlahlandlela wokwenza ngcono impilo yabantu abahlwempu besiFunda saseMkhanyakude.

Umphakathi wavezela izimenywa isidingo esikhulu sokuthi lolu hlelo njengoba selwethuliwe, luqhutshwe.

***Phezulu nangezansi*:Izithombe zamaqembu amabili ezathwetshulwa ngesikhathi kunesithangami sokwazisa**

Ngenhla umkhandlu obhekele inqubekela phambili yoHlelo Lokunakekela Intsha

UMnu Xolani Xulu ethula inkulumo yakhe

UMnyango Wezemfundo Wesifundazwe wawumelwe nguMnu. TJ Motha, uMqondisi Wesifunda; uNk SH Zulu weSiyingi saKwaHlabisa; uMnu. Nkosi owayeqhamuka eNhlokoHhovisi; uNk Shwala naye owayeqhamuka khona eNhlokoHhovisi, uNk NB Miya weHhovisi Lesifunda kanye noMnu. Mhlongo owayeqhamuka eNhlokoHhovisi .

UMqondisi Wohlelo, uMnu. Nkosi ebeka awakhe okuphawula ngesikhathi abanye bekude ngemicabango beninga

UNk Dludla (kwesokunxele) uMnu. Motha kanye noNk Majola (kwesokudla)

IThimba Elilawula uHlelo Lwesifundazwe Lokunakekelwa Intsha